**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO INTETHE MHLAKA 15 MAY 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

? Amabhuloho ezinyawo angumgogodla ekwenzeni ngcono ukufinyelela kwabantu bakithi ezindaweni zosizo ezahlukene. Kodwa ngihlale ngikugcizelela ukuthi njengezigaba ezahlukene zikahulumeni kumele sisebenzisane ukuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola impilo engcono. Ikusasa labo lingafani nenamhlanje.

? UMnyango wezokuThutha uhlale uzimisele ngokulekelela omasipala ngamakhono abangenawo uma behlela ingqalasizinda yomgwaqo. Siyabalekelela omasipala ngaphandle kokubheka iqembu lepolitiki elihola lowo masipala.

? Namhlanje siphendula isoyi lokwakhiwa kwebhuloho iNtethe isicelo salo esafakwa yikhansela lendawo ngo-2006. Lo msebenzi uzokudla isamba sika-R5 million.

- ? Njengomgomo kahulumeni wethu, okunye okubalulekile ekwakhiweni kwaleli bhuloho ngukuthi kuzokuba nenzuzo kwezomnotho emiphakathini elakhelwe wona. Sisho ngoba osonkontileka abazosebenza kuzomele bathole zonke izinto zokwakha khona endaweni yasoLundi noma eMahlabathini futhi baqashe ochwepheshe, esithi ama-artisan nabasebenzi bakhona emiphakathini eseduzane.

- ? Siyazi sonke ukuthi ngonyaka ka-2002 kwaminza abafundi ababili kulo mfula kwathi ngo-2007 kwaminza enye futhi ingane ngenkathi izama ukuwela umfula. Kunothisha waseSkhalelumuzi owahlaselwa wabulawa ezindongeni zomfula ngenkathi ewela. Leli bhuloho lizosiza umphakathi ukuthi ungashoni phansi ezindongeni uma uwela umfula.

- ? Nakuba ingeningi imali uhulumeni asinika yona, minyaka yonke lo Mnyango ukubeka phambili ukwakhiwa kwamabhuloho. Abalelwa ku-346 amabhuloho ezinyawo adingekayo KwaZulu-Natal ukuze izingane zesikole nothisha nabazali bakwazi ukuwela umfula ngokuphepha.

- ? Ngonyaka wezimali ka-2006/07 kuphela, kwakhiwe amabhuloho ezinyawo angu-14 ngesamba sika-R32 million, ngo-2007/08 sakhe amabhuloho ayishumi ngesamba sika-R40 million kanti ngalo nyaka ka-2008/09, sizokwakha amabhuloho ezinyawo angu-13 ngesamba sika-R48 million esifundazweni sonke.

- ? Leli bhuloho lizosetshenziswa ngabantu abaningi abaya ezikhungweni zomphakathi ezahlukene. Lokhu kuhlanganisa iS'khalelumuzi Primary School neNsikayendlu High School, isibhedlela nomtholampilo ongumahamba nedlwana, isiteshi samaphoyisa, izithuthi zomphakathi nezindawo zomlando ezigudle umgwaqo.

- Impilo inzima emiphakathini yale ndawo, ikakhulukazi izingane zesikole. Uma kunemvula izingane zesikole kumele zihambe ibanga elingu-3 km ngaphambi kokuba zifike esikoleni.

- Ngiyazi ukuthi kukhona asebeke basigxeka kwezinye izindawo ngokuthi siphendula amasoyi singabe sisawuletha umsebenzi. Kodwa okuxakayo ngukuthi ababe besavela ukuzoxolisa uma sesifika sizovula ngokusemthethweni imigwaqo ngesikhathi esasisinqumile.

- Ngifuna ukuqinisekisa ukuthi ngoJanuary wonyaka ozayo siyobe sivula ngokusemthethweni leli bhuloho ukuze senze ngcono izimpilo zabantu, ikakhulukazi abafundi abazosebenzisa leli bhuloho, okuzokwehlisa ukulova kwenyuse nezinga lokuphasa eSkhalelumuzi Primary naseNsikayendlu High School.

- Mangithathe leli thuba ngihalalisele umphakathi waseZululand ngayo yonke imisebenzi yemigwaqo namabhuloho esilethiwe nesazolethwa kuwona.

- Lapha ngikhuluma, phakathi kweminye, ngo D1820, P700, P432 P235/ P49/ P52, P234 P487, iMpembeni, iSikhwebezi Pedestrian Bridge, iThombothi iRiver Bridge, iWela River Bridge, Obivane Bridg, iQwasha River Bridge, Obivane River Bridge, Umbhudula Road neKwaBhanya River Bridge.

- Akungabazeki manje ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uhlabela phambili nokufeza umgomo wawo wokwakha uhlelo lwezokuthutha olusimeme nolusabalele yonke indawo KwaZulu-Natal nokuvikela ababuthaka.

**Ngiyabonga**